ga lase atal.

tasi, elipusa yonke imi-
cazo. Linababhaleli so-
Nampa abatengisi betu
tubo. Olifuna ngeposi
hlange, Phoenix.
e Market, F. M. Cele.
ield Street, KwaNgiobamakos.
" " KwaGulakuseni.
Alf. Str., C. Gumede.
Location, ...
Bell Str., J. Msonyana.
mas V. Ntansi.
Ndhlovu.
Mapumulo.
lijah Nxumalo.
urg, A. J. Sililo.
Cenco.
, Mhlongo.
M. Zuma.
gubane.
H. Madana.
ka J. Kuboni.
a Kosa.
Elias, M. B. Msomane.
siah Tshabalala
B. M. Sloom
alela.
, Christian Literature Depot.
ppe'stown, Miss E. East.
amfontein, J. Mota.
o. S. Hlabi.
. Mahlangu.
homas Msimang.
ampson Sibisi.
d. Shibe.
arnes Myiseli.
, P. O. Box 400
James Boag.
m Tree, S. L. Kupa.

EMATSHENI

Ku'

S, Umlungisi Umkandi
WesiNkatali.

gono yokulungisa isiNka-
lufe kanjani, luyavuka
noma seiwahlula abaningi.
sovuka lube lusha, lukale
njengokutanda kwako.
enjani. Futi ngitengisa
a esincane, zonke isinhlo-
tola kimi.
Ematsheni ku
K. L. N. SYESH.
rp Repairs,
Market,
toria Street, Durban.

ISAZISO.

ma umuti wesilo yiya
nga kuso ufike uoise
'S ORIENTAL VER-
(Umaqotula) uqiniseke
muti akunika wona une-
dhlovu uqapelisise ukuti
ka HARTLEY. Ninga
a. Nibuse kumnini vi-
ngenaye UMAQOTULA
igama lake bese'ngiutu-
ngokwensa loko niyobe

H. TODD,
nkemisi Wabantu,
RED HILL, Natal.

a
fundisi.
duze nakwa
MNYAMANA,
IELD STREET
DURBAN.

namandhla kakulu impela
e umuntu, wesilisa nowe-
oma isinto sipakeme nje
mela. Nohamba nidetile.
eaibalala, smashole es'E-
, amabhayi, isiNtshedo-
amajasi, namabhantshi
gqokwa. isijalimani nge-
e, amaPlinti amahle no-
noSetini, noNtolibhaatsh,
ashidi, namakwliti emi-
a zokudhlela namabho-
isinhlobo namabhokisi.
isotata inhlanhla, ngo-
le kwaMFUNDISI.

Isimemezelo.

Isiciti sami ekada simenyezelwa lapa epepeni ukuti siyatengisa kade kusekambe ukwensa iPlan. Selilungile ke namhla. Bonke abase betele imali mabese basobona isiciti sabo esidasana Number. Obengakesi mashesihise alete imali ngoba sesiti asisobele.

E. M. CELE.

Ohlange, Phoenix.

The Paragon Sharpening & General Repair Works.

W. A. Kinlock.
179, Umgeni Road,
Durban.

Umloli wesinto sonke ezinobukali, umkandi wesihlutulelo, umvusi wemishini yokutanga yaso yonke isihlobo, inyanga yesitofu, umhlaseniei wenzimbi ngomtofu nangetasi nangokwayo yodwa.

Ikeli lasekaya: Inanda M. S., Phoenix.

LEMITI IXUBE IMITI YEMITI NGAZINI I AMAPILLS.

Ukudhla kwe gazi, nemitambo, ne misipa kuwo wonke umsimba. Ani nesa igazi elibomvu elinotile, futi aleta amandhla kwababutaka, ngu 1s. 6d. ngebokisi.

REVIVA KIDNEY BEANS

Lawa ngumlungisi nomhlanzi we mvelo, ahlanza isintso. Zonke isifo sesinye neZintso.

REVIVA LIVER PETELLS.

Lo usheshisa ukupilisa isisu esonakele nesibindi esingasebenzi kahle—1s. 6d. ngebokisana.

Lemiti enosisakalo emakayeni ifanele uba ibe kuwo onke amakaya.

Ingu 1s. 6d. ngebokisi, kubo bonke abatengisa ngemisi. Nxa unzenaku yitola lapo tkona, bhala ondise kitina, ufake imali sokutumela ama pills ngokushesha. Ipost ikokelwa yiti 1s. 6d. ngebokisi.

REVIVA MEDICINE CO.,
Dpt Y. No.1. Burg Street, Cape Town

Native Nurses and Midwives.

WANTED, Native girls over 18 years of age and over Standard VI to train for two years for their examinations in Midwifery. £2 per month and uniform.

Write
DR. A. BONFA.
Umzinto.

Wanted.

Uncertificated male Teacher Apply sharp stating Salary Required and testmonials if any, to
Principal E. G. BARNES,
S. A. G. Mission,
Box 4.,
Mbabane, Zwaziland.

Umhlangano! Umhlangano

Kubo bonke abatengi bezwe lase-Toleni (Klippoort). Uyakuhlangana ngo3rd. Oct. Bayasiswa bemenywa bonke abatengi esindaweni sonke bafike eToleni.

R. XALA.
Ummemi

Toleni.

Wanted

Wanted immediately good competent Native cook for small household. Good wages given to capable boy Apply with references to Norman Smith, Vryheid.

Isifundo sesikole seSonto

Esesitatu Oct. 19.

UJESU KWAPETRO, Mk. 1: 21-39. ISITATELO: UJesu wati kuye, namhla usindiso lufikile kulendlu. Luke 19: 9. Amanye amavesi sotisha: Matt. 8: 14-17 Luke 4: 38-44. EYABANTWANA INDABA: Okokwenziwa ngeSonto. Mk. 1: 21-34. OKUJONGIWE. Ukuqonda ukuba kwaba yinto enjani koPetro noAndrea nabehlobo babo nabanye abafikayo; uJesu ekaya, ukuba kusho ukutini kiti nakulabo bahambela kwetu.

Isihloko: 1 Inkonzo yeSabata endhlini yokusonta. 2. UJesu kwaPetro. 3 NgeSabata kusihlwa. 4. UJesu ekuleka ngamandhla.

Sesiqalile ngaleli kwata ukufunde ngokufundiswa kwaoPetro noJohane ngumfundisi wabo. Kwaba yisikati esimangalisayo kubo lapo sebeshiyi umsebenzi wabo banikela isikati sabo sonke ukuhlala noJesu! Kodwa ngapo mbi koba siqede sisaubona ukuti sabakona isinsuku sobumnyama nesikangayo njengalola lweSabata. Ake siesabangengokuhamba kwalamadoda ukuti akwehlukile kokwetu ngesindhlela esiningi. UJesu nababafundi abasha abane baya enkonweni yakusasa endhlini yokusonta njengoba wena nami siya. Kepa lolo kwabe kungelosuku oluvamileyo. Kwaba uJesu owafunda umBhalo wawucasiselo, kwati ibonke bamangala lapo beswa amaswi ajapekileyo la esesiswa ngaJesu; uJesu loku evela kuNkulunkulu emesi uNkulunkulu wabesi okushiwo yilamaswi ngako washumayela ngamandhla agculiseyo. Kwatike lapo ukufunda kunqanyuliswa ngumuntu onamabhungane, uJesu wazaula wampilisa lowomuntu. Nabala wonke umuntu wazoza ngalomuntu omangalisayo nendaba yasheshe yanda wonke umuzi. 3. Wasuka lap'uJesu waya kwaPetro. Babezona noAndrea noJakobe noJohane. Uyahamba uJesu nawe epuma esontweni aye nawe ekaya lako? UPetro nabahlobo bake bajabula ukube noJesu kona, hayi ngenxa yabo kupela, kepa kwakukona otile kona ekaya owab'edinga uJesu ongabanga namandhla okuya esontweni, wati efika uJesu babe mtehela ngaye. Ukona ekaya lako ongabanga namandhla okuya esontweni ukuya kubonana noJesu? Uwabonile amandhla notando luka Jesu esontweni? Umbikele ke uJesu nga'owo osekaya? Umyisile kaye uJesu? Lescenso sikaJesu saba ummangalisa, ngoba umkwekazi kaZ'egula yimfiva watola amandhla okulungisela ukudhla isihambeli nabomusi wakwake Angabe nako ke loJesu esenawo lamandhla namhla ukusiza odingayo ekaya loku noma edinga okangakanani? Asilandiswa luto ngokunye okwensiwa ngaloloiusuku lase lashona, kepa niti aniesabangi ukuti lapo kudhliwa nangasemva babehlesi bexoxa indaba noJesu beswa amaswi ake otando nemiyalo yake ngokahamba okuhle? Makube babekona nabantwana kona, ngoba sifunda ukuti msukwane ekomunye umusi wabisa abantwana, abati besa ngokushesha bebonisa ukuti babemtemba. Bayesa kuwe kanjalo abantwana? Uyabatanda ubapate ngomusa?

4. Sesibonile ukuba kwafikisani kuPetro nabomusi wake ukufika kukaJesu kona. Kwati ngokushona kwelanga sesibona indaba eyinqaba. Abantu abavela inxasonke kuwo wonke umusi baya kwaPetro bezwe kutiwa uJesu ukona. Ukona oke afike ekaya lako ngoba eswile ukuti uJesu ukona? Abanye labobantu bayazuga, abanye bahambe begijima besilahla nje ngoba benamabhungane, abanye batwelwe ngoba abanawo bona amandhla ekuza kuJesu. Wabapilisa bonke uJesu Lombonda wabantu abanesinswelo so msimba abasiwo umfanekiso uqobo wokuswela komoya kwabantu abasisungesileyo? Po wayetanda yini uJesu ukubapilisa bonke! Labo abasiyo ngoNkulunkulu kepa abampilo yabo yomoya iyaxuga ngenxa yesono esitile nokungavumi ukulalela ukuhola kukaNkulunkulu, labo abapuputekayo benaboni ezukanya, nalabo abangenamandhla abo okusiyela kuJesu. Kodwa mhlaumbe wena aukabi umfundi kaJesu njengoPetro auhambi naye imihla yonke ukuba ufunde kuye, mhlaumbe aukamuyisi ekaya lako emva kwesonto, noma mhlaumbe ukwenze kancane nangesita ukuba kako owasiyo ukuti ukona, okungati uma beya kona ekaya lako basito'e isibusiso esivezwa ukuba kona kukaJesu.

5. Indaba yaloku ukuhambela kukaJesu kwaPetro avipelele ngapandhle kokulandela oPetro, noAndreas, noJakobe noJohane endaweni eesita yokukuleka kukaJesu. Lapa sifumanisa imfihlakalo yamandhla kaJesu, ukuswana noNkulunkulu, ukwenza intando yake, ukutola amandhla kuye, nokupuma uhambise indaba enhle kwabanye. Inxa ugoduka noJesu lelivesi liba yiqiniso elikq Luke 19: 9.

UMSEBENZI WOMZALI.

Umfana wako uhlala edwetshwe esikwa, elimala. Ngoba lamanxeba ake apola kahle akusiyo inowadi yokuti ayauhlala ezipolela. Funa igabha likaChamberlain isigcobo sobuhlungu wensel'ukuba ukulimala kubhekwe kahle. Awuko umuti ongahle uwutole odhlula lona. Isihlungu egazini yisifo esiyingozi kakulu ukusifaka engozini yaso. Sitengiswa yibo bonke abatengisi.

Ukuvimbela ukuvukwa yiGrip

Lesi yisikati enyakeni lapa labo abakade beguliswa yilolohlobo lwemfiamea olutiwa yi"Grip" lapo sebeguliswa okulandela njalo ukubeguliza kwaso lesisifo.

I"Grip" ishiya igazi seli emanzi kuti loku kupapateka okwelama lomkuhlane kube lukuni-kakulu ukuswa imiti. Kuewelelo kulungiswe loku anduba isifo selapeke kutiwe sipelile. Inxa igazi lisesula kuyashiela kukona ukuvukwa yilesisifo njemoba basi bonke. Ukufudumala nokutula kodwa kuyasiza kepa akubi isikati eside njalo. Nobutongo akupumuzi akuyihlamelelli imswa ehlala idonsela kakulu.

Ukupela kwendhlela efanele yokulunciza lomlandela we"Grip" ngukwaka igazi, amuko ke umabi wenzi odhlula amaPink Pills kuDr. Williams.

Lincle igazi esclivuselelwe, lihambe emsimbeni abese nawa nje nawe ukuti ungenwe amandhla adadasayo. Kuye ngokuya umbala ubuyele esihlezini esipepatekileyo kuti nenhlisiyo ibe mhlope nokudhla kuhambe kahle bese abe sendhlelemi yokupila.

Umtengisi wakini uyatengisa ngamaPills kaDr. Williams noma kona ngqo kwoDr. William's Medicine Co., Long Street, Cape Town ngo 3s. 3d. ngegabha noma nguitupa ngo 18s. ungalizokeli iposi.

Abantu bayabuza
(Ngu MAHAMBEHLALA)

Bati nganginyamalele njena ngangisaya ngapi na? Ngangiswatashele paketi kweSouth Africa ngibona isihlobo sami, ngiswa nesindaba sesswe.

Babuza ukuti abefundisi bamaBandhla ahlubuka eRoma, uma beti kwabapume kubo, "bahlubukile" ukuti lelowi balitsta kuyise wabo uRoma na?

Bati kwensa ngani ukuba kube kona abefardisi abaxakekela ukubaptisa isingane bangakatoli ukuti sise sitanyelwe esikoleni siyofunda?

Babuza ukuti amaKosi nabefundisi benziwa yini ukuba babolekela isinhlebo sabantu, nomuntu okukulunywa ngaye engeko ukuba asipendulele bese bekolwa na?

Bati yini ukuba abefundisi babandhla linye ukukuluma kwabo kungafani? Abanye bati kubantu umshado wafika nomfungu, ipoyisa lokumelela nokuba lafika nomlungu alilungile ngoba livalele ukuba umuntu etate isitembu, babe abanye becela abasoshadisa emshandhleni abo, abanye bale ngoba bengakatoli ilungelo lokushadisa ?

Bati kopela konke loku uma sekukona abaqinile ekukolweni okwafika nomlungu?

Bati njengoba iKoloni inamalungelo okuvota njena yake yabakulumela abanye bamaProvinces ukuba nabo bakululwe banikwe amalungelo, besizwe sakubo esimnyama njengokuba uEsther wakudala wenze njalo ?

Babuza ukuti baqinisile yini abefundisi ukuti bazomcebisa uHulumeni wemfundo ukuti uma eseqondile ukutata esinya isikole kabefundisi sibe amaGovt. Schools ase state amatisheia akoliwe odwa ngoba angakoliwe ayodunga isingqondo sabantwana bamakolwa nokuba bangabe besabalalela nabafundisi babo?

Bati njengoba amaNxusa esehlala emnyama esiGodhlweni sikaKing pesheya nokuba ubani owayelwa nokuwela, nokuba kutetwe izwi lake, nokuba owayekalela isikundhla esitile. Kungebe kuhle yini ukuba iSouth Africa iti, Nkulunkulu kumbula isililo sendhlu emnyama esatunyelwa kuKing ngo1914 ukuba namhla kubuye imperdulo nalamadoda apindele kona?

Bati konje malungiselelo mani kulomcabango walomhlangano owawuse-Bloemfontein oti abafundisi abemnyama ababe nobudhlelwane njengabamhlope nokuba behlukene ngesinkonzo yabo?

UMUTI WOMKAYA WOKWELAPA UKUKOHLELA.

Udumo lomuti wokukohlela kaChamberlain lungangeswe. Usiza ekukohleleni esekugxiliile komuntu omdala, noma iKrupu nogola lwabantwana. Igabha lilinye lidhliwa umuzi wonke. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Ezase Krantzkop.

Lapa eKrantz Kop kuto ngo12. Sept. 1919 kwaku ikona kubutanawayo kubi; ketwa amakosi ukuti impi ipelile. Amakosi ayekona kwaku eChief Mpiseyendana, Mtusangwe, Tshutshetshu, Mtemo, iMantshi yabahlolele ukuba impi isipelile ngokwhlutwa kwamaJali mani nokuba umbusi waletiswe kaseko uBotha. Yazoke income ukuhlakanipa kwamaNgisi ukunqoba iempi nokudubeka kwabo ukufekwa ngoMbusi waleti uBotha, nokutiko ulilamosi isifunda selapa elitiwe isinkomo esimbili neko nincane (ukuba pela amakosi aleti ellunda esi 7 neketo amanye ayetamele izinduna) ngangoba use wakipa kwayake imali watenga imitombo ukuba kugaywe utywala. Yazukuma inkosi yakwa Hlengwe uMtemo iyabonga yancincisa ukuba isita samakosi etu sesehlulilwe kopa wolaka elokuti kepeke njengoba naku pela amakosi etu lawa kade elwa naugwenya efana ukubhide iswe lonke naku selengotyiwe, nati siya kala amakosi alcela kwatwa kangcono abantabetu kuqutywe nimlamvu lesi esipila ngaso, isinto siyabiza lolahlamvu olaboiwa abantabetu alasenzi luto futi amakosi etu kufanele selihlangulisa kubelungu labo bamapiasi bayasibulala ngemmbile nangako konke nokutongwa esitolo kunjalo. Yagcina. Iliantshi yapendula yati letilanga akuelle elevi-kale elokutokosa ngokupela kwempi isitalo abesiketela alaso ilanga bese bacelbeka. Kwasukuma uTshutshu tshu inkosi yama Bomvu yapinda kona loko noko yelela elokuti sesiyatula ngoba sekuchiwo ukuba ase ngalaye ilanga. Sejabulake ama amakosi etu esemutela esiswela. Ngokufe kuka Botha akubonase kupatwa mantr. kwacitekwake kwapaswa amatywala kwa dhlwa siayama kwanje kwagwiywa.

Okubike okwensiwa ngabantu ukuiwa. Bekuiwa abakaMpiseyendana noTshutshutshu kulamasonto edhlule ama ngi kutiwa kufe baba betata bakeTshutshu tshu amaBomvu betwa nama Ngcolosi baka Mpiseyendana. Lapa eKrantzkop uma uya eNkantolo wetula isiggoko ungene esengweni ushiwe ilanga noma line uneto kuse kushaye 5 ukumbe. Tina bonhloko kagivutwa sesake sengeniwa pakati ngaloko. Konke okwensiwa lapa esikwati. Wonke umle ngu nje wesitaladi kutiwa Nkosi uti uma ukuiume naye ukumule isiggoko. Kwensiwa nkoba kusevaro abantu abahlaneyo.

J. M. MCUNU.

Ububi beloboto.

Ku Mhleli weLanga laseNatal.

Ake ungivumele kengijwapune kule nkomo yako kengivese libe linye mayelana noLoboto. Sebekulume kaku iu. Abanye bati ukutengisa abanye bayapika. Cabo benumsane mina ngisobusa ngoba angazi noma ukutengi sa noma umkuba nje wabantu. Kuko na into embi kakulu eyensiwa abantu engingagqondi mina ukuti isho ni utisi, eseduse kwalo iLoboto. Lapa ngifike ngibone kona ukuti ukutengisa loku ngikuiuma ngento esengiyibone kwase kwakatatu, kepa ingimangalise ukuti yensiwa kanjani loku kayiqondile nje. Kufike kuti umuntu abe nemedodana atile aganwe onke mhlaumbe, life ike hia, kuti omunye kulamedodana umka ke angabi nenzalo afelwe, besekuti isigcino sekufa indoda sekuti abafowa bo bendoda sebengeswani nomfelokazi sebemxotya abuyele kubo. Kube ke usemutya ekuhlaleni kwake kubo angagani, mhlaumbe usobe enayo ingane afike nayo ventombasana. Eku hlaleni kwake uscyitola futi enye ingane ekwasini kwake yentombazana futi asondhiele ke umfazi labantwana bake ebamba ewa evuka, ebamba amatoho esiswa abantabake ngoba engemaheni, kube kupele mhlaumbe imiyaka engu18 noma 26 engazange abone munto walapa lapo ayeganele kona. Ziganeke ikintombi ebese baya vela ke abazoshi bowesifazane sebe lande ifa abangalisebensanga basolita ta. Bamnike £5 kupela womqoliso beneswi lokuti watengwa ngesinkomo, kantu yibona abamxoshileyo efelwe ngumyeni wake. Ebese bemshiya ahlale kona ekuhlupekeni ngoba abase nandaba naye nobelitolile ifa Ngisebo nje kukona esiqye isalukazi engisaziyo esabe sisele isintombi ngayo lendhlela esengikulume ngayo sebafika batata ifa sona basishiya no£5. Kuyo yonke leminyaka sigcine abantwana sixosh wo sibagcinele u£5. Kuti ke naleyo nsombi ingendiswa ingensiwa luto kuso sonke isikati. Bati uma behlezi bepu lula isindiwo, babeti siyobona uyosha disa singeko tina, loku yonke leminya ka siyatela u14s. Kungeconi kodwa kula ba abesuke beshadile.

Yimi,
P. C.

Germiston.

Ezindaia zabakwaZulu.

Ayike uCetshwayo esenqobile uMbulasi, ukulandela kwake uyise uMpande, esikundhleni sobukosi kwaskulondolosikile. Loko kodwa kwabanga enye ingozi, ingozi bela yokuba uCetshwayo angahlaleli ukasifela kakayise, kanti amanye esikundhleni sobukosi ngayoze loyendhlela uDingane noTshaka sbasenwa ngayo. Noko-ke uCetshwayo akenzanga loko. Ukumdedela kanjalo uyise, akubonakali kahle ukuti uCetshwayo wenza ngokumhlonipa kakulu. Kwangati wenze ngasona lize 'dlana uDingane ayeputile ngasu ukumbulala, ukuti nje uMpande wayebhekwa, ecetshengwa engumuntu ongenamandhla amakulu, engenso isivimbelo esikulu kwabaye endhleleni yokufuna ubukulu nobukosi, uMpande wayengesatshwa.

UKUFA KUKANOMANTSHALI.

Yebo pela, ukuti ukuhlonipa uyise kwakungenamandhla amakulu kuCetshwayo, kuyabonakala ngokulandela yo: Kwakukona unoMantshali uMpande ayeganiswe uye esesikosi. Kwakungati uMpande uystanda ukumbeka pesu kwalabo ayeganiwe yibo engakatati isikundhla senkosi. Umusi kaNomantshali kwakungowase Mdumesulu. Ayike uCetshwayo wanquma, wati, indhlu kaNomantshali sicitwe. Watuma induna yake, uMbomvana, iyowema lomcebeni.

UNomantshali waye nemedodana amatatu, ulitonga noMgidhlana noMpoyana. Kwati uMbomvana efika efidumesulu, ulitonga noMgidhlana babengeno, behambile. Nesina uNomantshali wab'eyengeko, wayekwaLazana. KwakunguMpoyana yedwa owa fuyaniswa ekaya. Noko naye watola ituba lokudeda. Wasuka nesiaye isi nelawa kepa noko, noma kwaba ngoku ba engaqondi kahle you'ingozi noma engaqondi indhlela yokuyibalekela; into eyaziwayo ngukuti watshetshe wabanjwa, waletwa kwaNodwengu, umusi omkulu kaMpande. Wati uMpande ebona naku kuletwa umntwana wake, wamomesa wasuka waya nga kuye. Amadoda kodwa abamba umfana amponse ngamandhla ngas'odongeni. Umfana wavuka 'opa indhlebe Wakala eti, umfana onjengaye angaba kanjani necala lokubanga ubukosi ? UMpande wayengenamandhla okwensa luto. Umfana wapunyiswa esengweni wabulawa. Siyabona ngako ukuti uMpande wayeseyinkosi ngokubiswa nje kupela. UNomantshali wabulawa naye, kepa uMtonga noMgidhlana' bapunyuka, babalekela emaBhunwini.

Kwati kusabusa uMpande, ukuhlase la esiaye isiswe kwakungavamile. Kwahlasciwa kwakanye kuhlasciwa amaSwazi. Kwakungaliwa kodwa nge mpela. AmaSwazi asuka asetshe esintabeni, ahlalela kona abakwaZulu ase apindela emva. AmaSwazi ase mtumela uMpande isinkomo eziningana ensela ukumhlaba umxwele, yikona eyobayeka esikatini esilandelayo.

Kusekona kodwa enye indaba eyenze ka emaSwazini mhla abakwaZulu bewahlasela. AmaSwazi ayisa iningi lesinkomo sawo eTilasivali, emaBhunwini ahlale kona ukuhlasela kuze kupele, funa situnjwe ngabakwaZulu. Ayike njengoba amaSwazi ebesiziwe ngale ndhlela ngamaBhunu, ayesenesikweletu kuwo ayefanele ukuwabuyisela uto. Ensake kanje: stumba abantwana abaningana bamaTonga abanikela ama Bhunu.

Umteto uMpande ayebusa ngawo abantu bake, waufana nowakuqala nakuba ukubulala abantu kwakungasa vamile njengakuqala. Ukulahlelwa ukufa kwakunje: Uma kwakunqunywe kucatshangwa ukuti uBanibani ufanele ukufa impela, indaba yayinga veswa kwakwenziwa konke okuswele kile ngasese, olahliwe wayebulawa mesinya. Uma kodwa icala lalingabo nakali kahle, kusabaliswa noma ngasi p'isisusa ngokuti kufanele akufanele yini ukuba afe, indaba yayivezwa, umbiko use ufinyelela kobulawayo, ase atole ngako ituba lokuba asuke, abalekele kwesiaye isizwe.

UMpande. wafa emnyakeni ka1872. Wazifela kambe engabulawa njengo Tshaka noDingana. Wayete eseqube kele eminyakeni, wayezimukile kakulu nembala wayes'ehluleka ukuhamba ngenxa yaloko. Esengumuntu omutsha kodwa, kuyalandwa ukuti, isimo somsi mba wake wayeyindoda enhle impela, nakuba wayengaqinile kakulu ngokomo ya njengoba kade sizwa.

Zam-Buk
"RUB IT IN"

AmaHlubi
(Ngu M. M. FUZE)

Uyaqal'efika kubelungu uMaboiza ebazoxela leyo ndaba yave ezukubonakala sekuba sobala ukuti uLangalibalele naeyimpi ujobo, kade enqaniza iNxaca lawomkulu ebe liyombiza, walile sokuza koHlanzeni. Hau! wayihlomisa njaloke umfo kaSonsica, kwakloma uMtiatandaba (uMfalatelwa noNgoza) ioTetelegu kaNoxarde kanye nezizwana lesi esaziptwa ngaSomtseu laya kubulawoke iswe lasemaHlutshini.

Kanti uLangalibalele ute uba ngizwe ukuti nesi isifikile, wapuma ekaya wadundubala eNdi ngoqodi kuMlambo kaMtshwetshwe, umngane wake owabe eti uma enendhlala atumele asotekela kuLangalibalele, nembala afike amtekelise emabele lawe ashiamvwana. Emva koba esepumile iswe lati niki loake, izinsizwa namakehla nezinkomo zonke zezwe, kwapotanywa ngalapo iNkosi iye kona, behotwa yindaba yezinsizwa uMabhudhle, bati abesifasane nezingane namazegu beshiywa emigedeni endhle, imisi yonke yasalase.

Naakoke amaKangendhlela eti lapa eputuma entabeni yoNdi, ahle ahlangane naso isinkomo esiningi siqutshwa izinsizwa lesi sikaMabhudhle. Kanti abeinnga laba sebelambile. Benele ukusibona nje isinkomo, bahle bakete yona enonileyo bayishaye ngesibhamu iwa. Yanele ukuwa nje bangabe besebusa, bawe ngamese kuyo befuna ukufukuta, bazisize. Po ke loku babamba nabanye bakiti abamnyama. Kuhle kuti lapo izinsizwa siesuake, ribona inkomo eziyiqabayo iwela ebusweni bwaso kungaeskulunywanga naso, sitshe lapo kuwe abamnyama abatatu—uElijah Kambule wendune nkulu yaseEdendale uJob Kambule, kanye nabanye ababili, kuwe umfo kaMajor Erskine nomfo kaMr. Bond. Wo! yonakale lapo indaba kwabe isipitipiti esibana nje lapo, bahlehla abelunaru, ngoba pela babe nazqondile ukuiwa kuleyo nkati, babputuma kodwa ukuyakuvimbela iNkosi ababengasi ukuti isidundubala eNdi, abeSutu laba sebelandela yona.

Hau! kwenakala lapo kubantu, sebegwasa amazegu okutiwa mawapume emigedeni kanye nesifasane nezikundhlwana esekutunjwa kupangwa kubuywa nako kuletwa lapa emakaya. Kwapangwa abantu nezinkomo kanye ezimva nezimbuzi nempahla yonke amafuta esidwabe nemitsha—kwasiizgwa kweziwa njloko konke emakaya. Safa abanye basemaHlutshini nabanye basemLongwini. Indaba embi!

Kute uba kwenziwe konke loko emaHlutshini, nesiya impi yakwaSomtseu se idhlulela emaNgweni iyakucita abakwaPutini futi, yenza kona loko nakubo, yabulala yapanga njengase maHlutshini. Babulawa njalo abakwaMezibuko labo akuko cala belilodwa abekonjelwa lona. Wabanjwa waletwa lapa noMadhloi kaPutini owabe esepete esikundhleni somfo wabo uMpikeleli ongaseko, wafika kanye noBaso umfo wabo noMbemba indana yabo. Hau! kwaba insumansumane nje ebuhlungu ukuciteka kwelesiziwe zozibili.

Angiti nisayikumbula konje indaba enginixoxele yona yokuciteka kwaso kwaZulu kusabusa uMpande? E! kanjaloke nanamhla. EsesemaNgweni sifa ngenxa yesasemaHlutshini namuhla. Umlilo otshisa abakwaMezibuko usuke asutshisa abakwaMtimkulu, uti uma utshisa abakwaMtimkulu kaye kutshe nabakwaMezibuko futi, kufane nokuzalana kwabo.

Isahluko X.

UK BANJWA kukaLANGALIBALELE.

Kanti uLangalibalele udundubele uNdi njalo, wahamba nanguya eqonda eiuSutu kwesikaMlambo kaMshweshwe, lapo wati uba afike kona, uMlambo wamyenga wati kangene endhlini kanye nabantu ayehambe nabo; kanti bangena nje sebekekwe yimpi yabelungu eseyipuma eKipi. Owazi usuku lokuhlwa emini ngo1873, kulowo nyaka kabange esabusa, yikoke ukubaojwa kukaLangalibalele esetwa lapa eNatal epuma Osutu kwaMshweshwe.

Wafika-ke okaMtimkulu wafakwa kuyo indhlu yabo lena eligugu—ijele wahleliswa kona. Wazinge eletwa lapa equtshwa ngaoNongqayi bempetele izibhamu namavolovolo. Icala lake lalitetwa amakosi amakulu aeSomtseu namanye, uMr. John Shepstone engumumeli wakwomkulu.

Walenda-ke uMaboiza endabeni yokutunywa kwake kwokuya kumbiza, wakipa izwi elikulu elibangela abantu amahloni, lokuti uLangalibalele wamhlubulisa izingubo enzimbeni, wamnqunisa wahlala ese isidindili enqunile. Kwabuzwa kuLangalibalele ukuti wabe ekwenzelani loko ukunqunisa iNxusa lakwomkulu na? Yena wapendula wati, kungenxa yoba ekumbula indaba eyenziwa kuMatshana. Kepa kabuzwanga ukuti yini leyo eyenziwa kuMatshana na ?

Kute ngenkati yakusihlwa kusandu kudhliwa wangibiza uSobantu ukuti yini eyenziwa kuMatshana, uLangalele asese wakuluma katatu eti be esaba loko okwenaiwe kuMatana?

(Isaqutshwa)